**NJENGOBA** uMkhandlu, ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, wemukela iNqubomgomo yamarates yaseThekwini ehambisanayo noMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala mayelana nokukhokhwa kWamarates emhlabeni okhokhelwayo kuMasipala;

**NANJENGOBA** uMasipala kudingeka ukuba ngokwesigaba 6(1) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala usungule iMithetho kaMasipala ezoqalisa ukusebenza kweNqubomgomo Yamarates;

**MANJE NGAKHO-KE**, uMkhandlu, ngokwesigaba 156 sifundwa neNgxenye B kaSheduli 4 no 5 woMthethosisekelo, futhi sifundwa nesigaba 11 soMthetho weziNhlelo zoMasipala, ngalokhu usungula lo Mthetho kaMasipala olandelayo ukuze kuqaliswe ukusebenza kweNqubomgomo Yamarates:

**OKUQUKETHWE****ISAHLUKO 1  
UKUHUNYUSHWA**

1. Izincazelo
2. Ukuhunyushwa koMthetho kaMasipala
3. Izinhloso zoMthetho kaMasipala
4. Ukusebenza koMthetho kaMasipala

**ISAHLUKO 2  
UKUBIZWA KWAMARATES**

5. Amandla okubiza amarates
6. Ukwehlukani kWamarates
7. Izindawo zamarates akhethekile
8. Irejista yomhlaba
9. Ukwehluleka ukuhlinzeka ulwazi noma amaphepha

**ISAHLUKO 3  
UHLU LWAMANANI EZAKHIWO**

10. Okuqukethwe uhlu lwamanani ezakhiwo
11. Ukuklama ngokwahlukana kwezingxenye zesiza esisodwa
12. Ukushicilelwa nokuhlolwa kohlu lwamanani ezakhiwo
13. Isengezo sohlu lwamanani ezakhiwo

**ISAHLUKO 4  
IMIBUZO, IZIPHIKISO NEZIKHALO**

14. Imibuzo
15. Iziphikiso
16. Ilungelo lokukhalaza

**ISAHLUKO 5  
IZIHLINZEKO EZIJWAYELEKILE**

17. Ukuchitshiyelwa kwemingcele kaMasipala
18. Inzalo kumarates akweletwayo

19. Ukubuyekezwa kwelungelo lomhlaba

## **ISAPHLUKO 6 OKUNGXUBEVANGE**

20. Ukudluliselwa kwamandla

21. Imithetho echithwayo negcinwayo

22. Isihloko esifingqiwe nokuqala kokusebenza komthetho

## **ISAPHLUKO IMITHETHO ECHITHWAYO**

### **ISAPHLUKO 1 UKUHUNYUSHWA**

#### **Izincazelo**

1. Kulo Mthetho kaMasipala, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile –

“**i-akhawunti**” kushiwo isaziso ezibhalwe phansi esiyisititimende se-akhawunti ezibhekiswe kumuntu ozoyikhokhela;

“**isakhiwo**” kushiwo isakhiwo noma okwakhiwe okungenakususwa okwakhelwe noma iyiphi inhloso okubandakanya ithangi, iphuli yokubhukuda, isigxobo somsakazo ngaphandle kwesinepali elilodwa elibheke phezulu, ukubiyelwa komuzi, udonga noma uthango oluwucingo olungaphezu kwamamitha amabili (2) ukuphakama kanti kubandakanya –

(a) ezinye izakhiwo, okungaba ezesikhashana noma ezimi unomphelo futhi kungakhathaleki ukuthi zakhiwe ngani, ezakhelwe noma ezisetshenziselwa –

(i) ukuhlala noma ukusetshenziswa abantu noma izilwane; noma

(ii) ukukhiqiza, ukugaya, ukugcina, ukukhangisa noma ukudayisa impahla;

(b) idamu noma ibhuloho nanoma isiphi isakhiwo esihlobene nalokho;

(c) iphampu kaphethiloli nanoma iliphi ithange lokugcina okusaketshenzi okokhelekayo eliphathelene nalokho;

(d) ingxenye yesakhiwo, okubandakanya isakhiwo esichazwe endimeni (a), (b) noma (c);

(e) izakhiwo zabathengi; noma

(f) ixhokovana, umkhukhu, itende noma okuthi akube njalo nanoma isiphi isakhiwo sesikhashana noma sesikhathi eside sokuhlala noma umpheme,

kodwa akubandakanyi –

- (i) uthango oluvulekile;
- (ii) iposi;
- (iii) izinsalela zesakhiwo;
- (iv) igqunyana;
- (v) umthombo;
- (vi) isithixo;
- (vii) idamu lezinhlazi;
- (viii) isigcawu; noma
- (ix) okunye okubekwa engadini;

**“insika yesakhiwo”** kushiwo noma yini eyakhelwe ukwesekela isakhiwo esimile;

**“inyanga yekhalende”** kushiwo usuku lokuqala lwaleyo nyanga kuya osukwini lokugcina lwaleyo nyanga, kubandakanya izimpelasonto namaholidi omphakathi;

**“umkhakha”** mayelana nomhlaba, kushiwo umkhakha wezakhiwo onqunywe ngokwesigaba 8 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala;

**“izindleko zokukoleka”** kushiwo izindleko ezibizwa uMasipala ngokwesigaba 75A(1) soMthetho weziNhlelo zoMasipala, kanti ubandakanya izindleko zomsebenzi –

- (a) wokukhunjuzwa komkhokhi Wamarates ngezimali ezikweletwayo;
- (b) wokunqanyulwa, ukuncishiswa noma ukuxhunywa kabusha kwezinsiza zikamasipala kumkhokhi Wamarates noma ikhasimende elingakhokhi kahle; kanye
- (c) nowanoma isiphi isaziso esikhishiwe, esihanjisiwe, esithunyelwe noma esishicilelwe sibhekiswe kumkhokhi Wamarates noma ikhasimende ngokwalo Mthetho kaMasipala nanoma imuphi omunye umthetho;

**“isiKhulu esiPhezulu kwezeziMali”** kushiwo umuntu oqashwe uMasipala ngokwesigaba 57 soMthetho weziNhlelo zoMasipala njengesikhulu esiPhezulu kwezezimali, kanti sibandakanya noma imuphi umuntu isikhulu esiPhezulu sezeziMali ezidlulisele kuyena

amandla, amajoka nemisebenzi ngokuhambisana nohlelo lokudluliselwa kwamandla olusungulwe iMenenja kaMasipala ngokwesigaba 79 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala;

**“uMfungisi”** kushiwo "uMfungisi" ngokoMthetho we-Justices of the Peace and Commissioners of Oaths Act, 1963 (uMthetho No. 16 ka 1963);

**“uMthethosisekelo”** kushiwo uMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika ka 1996;

**“abanikazi ababambisene”** kushiwo –

- (a) noma ibaphi abantu babili noma ngaphezulu abanomhlaba, okungaba yingokubambisana, ngamasheya angahlukanisiwe noma ngokwesivumelwano somhlaba ophethwe ngokuhlanganyela;
- (b) noma ibaphi abanikazi abangondlalifa kwithrasti yomhlaba ophethwe abanikazi abangebona ondlalifa;
- (c) noma imaphi amalungu enhlangano noma abantu ngaphandle kwebhizinisi elisemthethweni anhloso yawo ukuthola nokugcina noma imuphi umhlaba; noma
- (d) abanikazi banoma imuphi umhlaba abanohlelo lomhlaba;

**“uMkhandlu”** kushiwo uMkhandlu kaMasipala weTheku, uMkhandlu kaMasipala ohlongozwe esigabeni 157(1) soMthethosisekelo, kanti igama **“uMkhandlu kaMasipala”** linencazelo efanayo;

**“iNhloko yoMnyango”** kushiwo umuntu oqokwe uMasipala njengeNhloko yoMnyango wakwa-Real Estate;

**“umhlaba”** kushiwo noma isiphi isiqephu somhlaba esinemingcele engaphandle ekhonjiswe –

- (a) kwipulani ejwayelekile noma kumdwebo obhalisiwe ngokoMthetho wokuSikwa koMhlaba, 1997 (uMthetho No. 8 of 1997) noma ngokoMthetho wokuBhaliswa kwamaTayitela, 1937 (uMthetho No. 47 ka 1937);
- (b) kwipulani yendawo ebhalisiwe ngokoMthetho wamaTayitela eziNdawo, 1986 (uMthetho No. 95 ka 1986); noma

(c) ipulani yelokishi, noma

ingxenye yalowo mhlaba ongenamnikazi, kanti ibandakanya noma imuphi umhlaba onamanzi nomoya kuphela, futhi igama **“izakhiwo”** linencazelo efanayo;

**“uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala”** kushiwo uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala woHulumeni baseKhaya, 2003 (uMthetho No. 56 ka 2003);

**“uMasipala”** kushiwo uMasipala waseThekwini, uMasipala oku-Category A njengoba kubalulwe esigabeni 155(1) soMthethosisekelo futhi osungulwe ngokweSaziso soMphakathi No 343 sika 2000 (KZN);

**“uMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala”** kushiwo uMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala koHulumeni baseKhaya, 2004 (uMthetho No. 6 ka 2004);

**“IMenenja kaMasipala”** kushiwo umuntu oqokwe ngokwesigaba 54A soMthetho weziNhlelo zoMasipala njengenhloko yabasebenzi emkhandlwini kaMasipala;

**“imisebenzi kamasipala”** kushiwo imisebenzi ehlinzekwa uMasipala ngokwamandla namajoka noma ukuze kuhlomule umphakathi, kungakhathaleki ukuthi –

(a) leyo misebenzi ihlinzekwa umasipala qobo noma kusetshenziswe uhlelo lwangaphandle oluhlongozwe esigabeni 76 soMthetho weziNhlelo zoMasipala; noma

(b) uma kukhona izimali ezibizwayo noma amatharifu akhokhwayo ngalokho;

**“umklamimanani kamasipala”** kushiwo umuntu oqokwe uMasipala njengomklamimanani ngokwesigaba 33(1) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala;

**“umhlali”** kushiwo umuntu ohlala kunoma isiphi isakhiwo noma ingxenye yaso, ngaphandle kokubheka ukuthi isakhiwo leso sisegameni lakhe yini, kanti igama elithi **“umgcini”** uma kukhulunywa ngomhlaba, izakhiwo noma impahla linencazelo efanayo;

**“umnikazi”** uma kukhulunywa –

(a) ngomhlaba okukhulunywe ngawo endimeni (a) yencazelo yegama **“umhlaba”**, kusho umuntu okubhaliswe igama lakhe njengomnikazi walowo mhlaba;



(b) ngelungelo okukhulunywe ngalo endimeni (b) yencazelo yegama **“umhlaba”**, kusho umuntu okubhaliswe egameni lakhe lelo lungelo;

(c) ngelungelo lokusebenzisa umhlaba okukhulunywe ngalo endimeni (c) yencazelo yegama **“umhlaba”**, kusho umuntu okubhaliswe egameni lakhe lelo lungelo; futhi

(d) ingqalasizinda yemisebenzi yomphakathi okukhulunywe ngayo endimeni (d) yencazelo yegama **“umhlaba”**, kusho uhlaka lombuso olulawula noma oluphethe leyo ngqalasizinda yombuso njengoba kubekwe kwincazelo yegama **“okulawulwa umphakathi”**,

futhi kubandakanya umuntu uMasipala ngokwenhloso yalo Mthetho kaMasipala angamthatha njengomnikazi womhlaba kulezi zimo ezilandelayo:

(i) umphatheli, uma umhlaba ungaphansi kwethrasti, ngaphandle komhlaba wethrasti yombuso;

(ii) umlawuli noma umabi wamafa, uma kungumhlaba womuntu oshonile;

(iii) umphatheli noma umdayisi womhlaba uma umhlaba kungowomuntu ocwile ezikweletini noma kumele udayiswe;

(iv) imenenja emajajini uma umhlaba kungowomuntu ongaphansi kwesinqumo samajaji;

(v) umgcini wamafa, uma umnikazi womhlaba kungumuntu ophathelwe amafa;

(vi) umuntu okubhaliswe ngaye isiqephu somhlaba noma onelungelo lokusebenzisa umhlaba, kulowo mhlaba ongasetshenziswa omunye noma oshiyiwe;

(vii) isiqashi, uma kungumhlaba obhaliswe egameni likaMasipala oqashiswayo;

(viii) umthengi, uma kungumhlaba odayiswe uMasipala wanikezwa umthengi bungakabhaliswa ubunikazi bawo egameni lakhe;

(ix) umhlaba ophethwe yingane noma yizingane kuleyo mizi ephethwe yizingane;

(x) noma ikuphi ukusetshenziswa komhlaba okunikezwe uHulumeni wesiFundazwe noma kaZwelonke weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika;

(xi) noma imuphi umakhi ogunyazwe uMasipala ukuba athuthukise umhlaba kaMasipala uma lowo makhi eseyithathile leyo ndawo;

(xii) noma imuphi umnikazi womhlaba ozifihlile noma okhona mayelana nelungelo lokubhalisa, ekhethwe uMasipala; kanye

(xiii) nabahlali abahleli emhlabeni obuphethwe ngaphansi kwe-Black Estates Act, futhi umhlaba ungakaphothulwa, kodwa kuphela ngenhloso yama-akhawunti kaMasipala mayelana namarates nezimali ezikhokhelwa izidingo;

**“umuntu”** kusho umuntu qobo noma ngokomthetho, okubandakanya uhlaka lombuso;

**“umhlaba”** kushiwo –

- (a) umhlaba omile osegameni lomuntu, okubandakanya, uma kunohlelo lwetayitela, itayitela lalowo mhlaba elibhaliswe egameni lalowo muntu;
- (b) ilungelo elibhaliswe emhlabeni omile egameni lomuntu;
- (c) ilungelo lokusebenzisa umhlaba obhaliswe egameni lomuntu noma onikezwe umuntu ngokomthetho;
- (d) ingqalasizinda yokuhlinzeka izidingo zomphakathi; noma
- (e) nanoma yimuphi umhlaba omile noma ingxenye yawo umuntu awusebenzisayo noma awugcinile ngaphandle kwetayitela: Kuncike ekutheni lokhu akuvimbeli ukukhishwa kwemvume yokushaya imithetho kaMasipala mayelana nokuhlala ngokungemthetho kulowo mhlaba kwanoma imuphi umuntu;

**“iholidi lomphakathi”** kushiwo iholidi njengoba lichazwe esigabeni 1 soMthetho wamaHolidi oMphakathi, 1994 (uMthetho No. 36 ka 1994);

**“ingqalasizinda yezidingo zomphakathi”** kushiwo ingqalasizinda elawulwa uhulumeni njengoba ichazwe esigabeni 1 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, ngaphandle kweNgqalasizinda esetshenziselwa ezamabhizinisi noma izimboni;

**“okulawulwa uhulumeni”** kushiwo okungaphansi kohlaka lombuso noma okulawulwa uhlaka lombuso, kubandakanya –

- (a) ibhizinisi likahulumeni elibhalwe eMthethweni Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, 1999 (uMthetho No. 1 ka 1999);
- (b) umasipala; noma
- (c) ibhizinisi likamasipala njengoba lichazwe eMthethweni weziNhlelo zoMasipala;

**“amarates ngamarandi”** kushiwo isamba samarates ngamarandi esibizwa uMasipala emhlabeni okhokhelwa amarates kulowo nalowo mkhakha;

**“amarates”** kushiwo amarates omhlaba kaMasipala abalulwe esigabeni 229(1)(a) soMthethosisekelo futhi abizwa uMasipala ngokoMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala;

**“Inqubomgomo yamarates”** kushiwo iNqubomgomo Yamarates eyemukelwa uMkhandlu ngokwesigaba 3 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, njengoba uchitshiyelwe izikhathi ngezikhathi;

**“uMthetho weziNhlelo zoMasipala”** kushiwo uMthetho weziNhlelo zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000); futhi

**“Uhlu lwamanani ezakhiwo”** kushiwo Uhlu lwamanani ezakhiwo oluhlongozwe kwiSahluko 6 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, kanti igama **“uhlu”** linencazelo efanayo.

### **Ukunyushwa kwalo Mthetho kaMasipala**

2.(1) Uma kuba nokushayisana ekunyushweni kwalo Mthetho kaMasipala wesiNgisi kanye nalowo ohunyushiwe, kuyosebenza lowo obhalwe ngesiNgisi.

(2) Lo Mthetho kaMasipala uyofundwa ngokuhambisana neNqubomgomo Yamarates.

### **Izinhloso zoMthetho kaMasipala**

3. Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala –

- (a) ukuqalisa ukusebenza kweNqubomgomo Yamarates kaMasipala ngokuhambisana nezihlinzeko zesigaba 6 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala;
- (b) ukuhlinzekela ukubizwa kwezimali nokuqoqwa kwezimali zamarates uMasipala; kanye
- (c) nokuhlinzekela okunye okuphathelele nalokho.

### **Ukusebenza koMthetho kaMasipala**

4. Lo Mthetho kaMasipala usebenza kuwona wonke umhlaba olawulwa uMasipala.

## ISAPHLUKO 2

### UKUBIZWA KWAMARATES

#### **Amandla okubiza amarates**

5.(1)UMkhandlu, ngesinqumo esesekwa yiningi lamalungu awo, ungasebenzisa ilungelo likaMasipala ukubiza amarates omhlaba endaweni engaphansi kwawo ngaphansi kwesigaba 229 soMthethosisekelo ngokuhambisana –

- (a) neNqubomgomo Yamarates;
- (b) nalo Mthetho kaMasipala;
- (c) noMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala;
- (d) nezihlinzeko zeSahluko 4 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala; kanye
- (e) nanoma imuphi omunye umthetho osebenzayo.

(2) Uma ebiza amarates, uMasipala kumele abize amarates kuwona wonke umhlaba okhokhelwa amarates endaweni engaphansi kwakhe, kuncike esigabeni 7(2)(a) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

(3) Amarates abizwa uMasipala emhlabeni okhokhelwa amarates kumele abe amarates angamarandi ahambisana nenani lalowo mhlaba ezimakethe, ngaphandle komhlaba obonelelwayo lapho amarates kumele akalwe ngokuhambisana nezihlinzeko zesigaba 11(1)(b) noma (c) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, njengoba kungaba njalo.

(4) Uma uMkhandlu uvumelana ngokubizwa kwamarates nokunqunywa kwezinye izintela, izimali ezikhokhwayo nemisebenzi, uMasipala kumele, ngaphandle kokunanaza, ushicilele isivumelwano ngendlela enqunyiwe ngaphansi kwesigaba 14 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, sifundwa nesigaba 21A soMthetho weziNhlelo zoMasipala.

#### **Amarates ehlukahlukene**

6.(1) Kuncike esigabeni 19 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, uMasipala, ngenqubo ebekwe kwiNqubomgomo Yamarates, unganquma amarates ehlukahlukene emikhakha ehlukene yomhlaba okhokhelwa amarates, okungabandakanya phakathi kokunye imikhakha enqunywe ngokuhambisana –

- (a) nokusetshenziswa komhlaba;

- (b) ukusetshenziswa komhlaba okugunyaziwe;
- (c) indawo lapho umhlaba ukhona; noma
- (d) inhlanganisela yalokhu okubekwe ku (a) kuya ku (c) kulesi sigatshana.

(2) Umehluko wamarates ngamarandi emikhakheni ehlukene yomhlaba okhokhelwa amarates akumele usebenze ngendlela eveza ukucwasa okungafanele noma kushayisane nezihlinzeko zesigaba 16(1) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

(3) UMasipala ngokwenqubo ebekwe kwiNqubomgomo Yamarates ungakhulula, waphulele noma wehlise amarates: Kuncike ekutheni lokho kukhululwa, izaphulelo noma ukwehliselwa angeke kushayisane nezihlinzeko zesigaba 16(1) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala noma kubandlulule ngokungafanele.

(4) Umhlaba osetshenziselwa izinto ezahlukahlukene kumele, uma kubizwa amarates, ufakwe emkhakheni onqunywe uMasipala okuyiwona osetshenziselwa wona kakhulu njengoba kuchazwe kwiNqubomgomo Yamarates.

### **Izindawo zamarates ayisipesheli**

7.(1) Kuncike ekulandelweni kwezihlinzeko zoMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, uMasipala, ngesivumelwano soMkhandlu, ungangena izivumelwaneni nanoma imuphi umuntu noma abantu, ngemigomo nemibandela enganqunywa uMasipala, ukuze –

- (a) kunqunywe indawo kuMasipala eyindawo yamarates ayisipesheli, kuncike ekunelisekeni kukaMasipala ukuthi imigomo nemibandela yesivumelwano iyemukeleka kubona bonke abakhokhi bamarates baleyo ndawo ethintekayo;
- (b) abize ngamaphesenti enye imali yamarates kulowo mhlaba ngenhloso yokuqoqa izimali ezibhekene ngqo nokuthuthukisa noma nokulungisa leyo ndawo; futhi
- (c) ehlukanise phakathi kwemikhakha yomhlaba uma ebiza amarates engeziwe abalulwe kwindinyana (b).

(2) Uma uMkhandlu wenza indawo ibe yindawo yamarates ayisipesheli, uMasipala kumele –

- (a) uveze imisebenzi okumele yenziwe noma izidingo zikamasipala okumele zihlinzekwe kuleyo ndawo yamarates ayisipesheli; futhi

(b) asungule indlela yokubala ehlukile nolunye uhlelo lokugcinwa kwamarekhodi mayelana nemisebenzi eyenziwayo noma imisebenzi kaMasipala okumele ihlinzekwe kuleyo ndawo yamarates ayisipesheli.

### **Irejista yomhlaba**

8.(1) Irejista yomhlaba ebhalwe futhi egcinwa uMasipala ngokwesigaba 23 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala ihlose ukwenza umsebenzi wohlu lokulinganiswa kwamanani njengoba luhlongozwe kwiSahluko 6 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

(2) Irejista kumele ibe sobala ukuze ibonwe umphakathi ngezikhathi zokusebenza ekhelini elihlinzekwe uMasipala ngokwaleso sizathu, futhi kumele ikhangiswe kuwebhusayithi esemthethweni kaMasipala.

(3) UMasipala kumele ubuyekeze irejista okungenani njalo ngonyaka futhi avuselele iNgxenye A neNgxenye B yayo ngokuhambisana nezihlinzeko zesigaba 23(5) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

### **Ukwehluleka ukuletha ulwazi namaphepha**

9. Uma kwenzeka umuntu ehluleka ukuletha ulwazi noma amaphepha ngemuva kokuthola isaziso esibhaliwe esivela kuMasipala ngokoMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala noma omunye umthetho osebenzayo, umasipala kumele ayeke ngokushesha ukuhlinzeka izidingo zikaMasipala kulowo mhlaba kuze kube lolo lwazi namaphepha adingekayo aselethiwe ngendlela eyenelisa uMasipala.

## **ISAHLUKO 3**

### **UHLU LWAMANANI EZAKHIWO**

#### **Okuqukethwe Uhlu lwamanani ezakhiwo**

10.(1) Uhlu lwamanani ezakhiwo kumele lubhalwe yonke imihlaba kuMasipala enqunywe ngokwesigaba 30(3) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala, futhi elawulwa yizihlinzeko ezibekwe kuleso sigaba.

(2) Uhlu lwamanani ezakhiwo kumele luveze imininingwane ephathelene nomhlaba ngamunye njengoba kuvezwe esigabeni 48(2) soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala ukuze lolo lwazi lutholakale, noma lunqunywe uMasipala.

### **Ukuklama ngokwahlukana kwezingxenye zesiza esisodwa**

**11.(1)** Ngokufaka isicelo, abanezivumelwano zokuqashiselana ezingabhalisiwe futhi zesikhathi eside kumhlaba ophethwe uMbuso noma uhlaka lombuso, ngokubona kweNhloko yoMnyango bangaklanyelwa futhi bakhokhiswe amarates ngokomngcele abawusebenzisayo ngokwesivumelwano sokuqashiselana, kanti izindleko zalokho ziyothwala umfakisisicelo.

(2) Nakuba bengacela ukuba balinganiselwe kabusha inani lomhlaba futhi bakalelwe kabusha amarates, abanikazi bomhlaba yibona abayokhokhela amarates alowo mhlaba.

### **Ukushicilelwa nokuhlola kohlu lwamanani ezakhiwo**

**12.(1)** Umklamimanani kaMasipala kumele alethe uhlu oluqinisekisiwe lokuhlola kwiMenenja kaMasipala, kanti iMenenja kaMasipala kumele, ezinsukwini ezingu 21 ithole lolu hlu –

(a) ishicilele ngefomu elinqunyiwe kwiGazethi yesiFundazwe saKwaZulu-Natali, nakuwebhusayithi yayo esemthethweni, nakwabezindaba kanye ngesonto amasonto amabili elandelana, isaziso –

(i) esishoyo ukuthi uhlu luvulelekile ukuba lubhekwe umphakathi isikhathi esibekwe kwisaziso, okungeke kube yisikhathi esingaphansi kwezinsuku ezingu 30 kusukela osukwini okushicilelwe ngalo isaziso sokugcina; futhi

(ii) esimema wonke umuntu ofisa ukuphikisa kunoma iluphi udaba olukhona noma olususiwe ohlwini ukuba enze njalo ngendlela enqunyiwe ngesikhathi esibekiwe;

(b) isabalalise okushiwo yisaziso okukhulunywe ngaso endimeni (a) kuMasipala wendawo ngokweSahluko 4 soMthetho weziNhloko zoMasipala; futhi

(c) ithumelele, ngeposi elejwayelekile noma, uma kufanele ngokuhambisana nesigaba 115 soMthetho weziNhloko zoMasipala, bonke abanikazi bomhlaba ababhaliswe ohlwini lokuhlola ikhophi yesaziso okukhulunywe ngaso endimeni (a) ihambisana nengxenye ecashunwe ohlwini lwamanani ezakhiwo ephathelene nalowo mnikazi womhlaba.

- (2) Noma imuphi umuntu, okubandakanya umsebenzi kaMasipala, ngesikhathi esinqunywe kwisaziso okukhulunywe ngaso kwisigatshana (1)(a) –
- (a) angahlola uhlu ngamahora okusebenza;
  - (b) uma esekhokhe imali enqunywe uMasipala ngokwamatharifu abekwe kwiNqubomgomo Yamatharifu, angacela uMasipala ngamahora okusebenza ukuba umcaphunele ingxenye ethile ohlwini; futhi
  - (c) angafaka isimangalo kwiMenenja kaMasipala mayelana nodaba oluvelayo, noma olukhishiwe ohlwini.
- (3) IMenenja kaMasipala inganikeza ijoka noma imuphi umsebenzi kaMasipala embona efanele ukuze asize ofake isimangalo uma ofake isimangalo engakwazi ukufunda noma ukubhala.
- (4) IMenenja kaMasipala kumele yazise uMkhandlu nganoma iluphi udaba oluvelayo noma olukhishiwe ohlwini oluthinta uMasipala.

#### **Isengezo sohlu lwamanani ezakhiwo**

- 13.(1) Uma kuba nesidingo, uMasipala kumele wakhe noma ulungise isengezo sohlu lwamanani ezakho mayelana nanoma imuphi umhlaba okhokhelwa amarates ngenxa yesinye sezizathu ezibalwe esigabeni 78(1)(a) kuya ku (g) zoMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.
- (2) Udaba lokuthi zikhona yini izizathu ezifanele zokuvumela ukuhlolwa kwamanani omhlaba ngokwesigaba 78 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala luyonqunywa uMasipala.
- (3) Uma kwenzeka inani lasezimakethe lomhlaba okhokhelwa amarates lenyuka noma lehla ngokungalindelekile ngenxa yanoma isiphi isizathu ngemuva kokulinganiswa kokugcina kwenani lalowo mhlaba, umnikazi womhlaba othintekayo kumele azise uMasipala ngencwadi noma ngohlelo lwezobuchwepheshe mayelana nezinguquko kwinani lasezimakethe lomhlaba othintekayo.
- (4) Iphutha elenzeka uma kuhlolwa inani lanoma imuphi umhlaba alisho ukuthi kudingeka kube nohlu lokuhlola olwengeziwe, futhi akuyekisi umuntu okhokha amarates alowo mhlaba ukuthi awakhokhe ngosuku lokukhokha.



## **ISAPHLUKO 4**

### **IMIBUZO, IZIPHUKISO NEZIKHALO**

#### **Imibuzo**

**14.(1)** Umasipala ungasungula uhlelo lokunquma ngemibuzo ephathelene nokuklanywa kwamanani futhi abize izimali ngokweNqubomgomo Yamatharifu ezikhokhelwa lolo hlelo lwemibuzo.

(2) Noma imuphi umuntu ofisa ukufaka imibuzo mayelana nokuklanywa kwamanani ngokwesigatshana (1) kumele agcwalise ifomu elinqunyelwe lokho uMasipala agcwalise nezikhala ezidingekayo kulona bese elithumela ehhovisi elibhalwe kulelo fom, kuhambisane nobufakazi bokukhokhwa kwezimali ezikhokhwayo ngokwesigatshana (1).

#### **Iziphukiso**

**15.(1)** Umklamimanani kaMasipala kumele ngokushesha –

- (a) acubungule iziphukiso ngokuhambisana nenqubo enqunywe umklamimanani kaMasipala;
- (b) anqume mayelana neziphukiso ebheka amaqiniso, okubandakanya okubekwe ophikisayo, futhi, uma ophikisayo engeyena umnikazi womhlaba, abheke okushiwo umnikazi womhlaba; futhi
- (c) alungise noma engeze ohlwini lwamanani ezakhiwo ngokuhambisana nesinqumo esithathiwe, kuncike ekubuyekazweni okuyimpoqo kwaleso sinqumo okuyokwenziwa ngokwesigaba 52 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala uma umklamimanani kaMasipala eshintsha inani lomhlaba ngamaphesenti angu 10 ukulehlisa noma ukulenyusa.

(2) Umklamimanani kaMasipala kumele azise ngencwadi wonke umuntu ofake isiphukiso kanjalo nomnikazi womhlaba othintekayo uma ophikisayo engesiyena umnikazi, mayelana –

- (a) nesinqumo somklamimanani kaMasipala ngokwesigatshana (1)(b) mayelana naleso siphukiso;
- (b) nganoma iluphi ushintsho olwenziwe ohlwini lwamanani ezakhiwo mayelana nalowo mhlaba othintekayo;

(c) nokuthi ngabe isinqumo somklamimanani kaMasipala sizophoqeelwa yini ukuba sibuyekwezwe ngokwesigatshana 52 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

(3) Uma seluqinisekisiwe, uhlu lwamanani ezakhiwo luyosebenza ngokusemthethweni isikhathi olusibekelwe, kuncike ekutheni kunelungelo lokukhalaza ngokwesigaba 54 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

(4) Ukufakwa kwesiphikiso ngokwalesi sigaba akusho ukuthi sekukhona isimangalo esihlongozwe esigabeni 102(2) soMthetho weziNhlelo zoMasipala phakathi kukaMasipala nalowo ophikisayo.

### **Ilungelo lokukhalaza**

**16.**(1) Noma imuphi umuntu, kubandakanya uMasipala, ongenelisekile ngesinqumo esithathwe umklamimanani kaMasipala ngokwesigaba 15 salo Mthetho kaMasipala unelungelo lokukhalaza ngaphansi kwesigaba 54 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

(2) Isikhalo esifakwe ngokwesigaba 54 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala asiyekisi umuntu osifakayo ijoka lakhe lokukhokha amarates ngosuku lokukhokhwa kwamarates olunqunywe uMasipala.

(3) Ukufakwa kwesikhalazo ngokwesigaba 54 soMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala akusho ukuthi sekufakwe isimangalo ezihlongozwe esigabeni 102(2) soMthetho weziNhlelo zoMasipala phakathi kukaMasipala nalowo okhalazayo.

(4) Izihlinzeko zalesi sigaba akumele zithathwe ngokuthi zivimbela umklamimanani ukuba abuyekeze umpumela wesiphikiso nanoma imuphi umuntu okhalazayo kuncike ebufakazini obusha obuqhamuka nalowo okhalazayo kumklamimanani kaMasipala.

(5) Noma imuphi umuntu, onemvume ebhalwe phansi yomklamimanani, angahoxisa isikhalazo asifakile ngokwesigatshana (1).

## **ISAHLUKO 5**

### **IZIHLINZEKO EZEJWAYELEKILE**

#### **Ukuchitshiyelwa kwemingcele kaMasipala**

**17.** Uma umhlaba noma umkhakha womhlaba usanda kufakwa endaweni engaphansi kolawulo lukaMasipala ngokuthi kuchitshiyelwe imingcele kaMasipala, ukuklanywa kwamanani namarates ngamarandi alowo mhlaba noma alowo mkhakha womhlaba kumele kube yikhona okusebenzayo kuze kuphele unyaka wezimali lowo mhlaba noma lowo mkhakha womhlaba ofakwe ngawo endaweni kaMasipala.

#### **Inzalo kumarates akweletwayo**

**18.** Uma isamba okumele sikhokhwe kumarates mayelana nomhlaba singakhokhwa ngosuku olunqunywe uMasipala lokukhokhwa kwawo, inzalo eyengezwayo emalini engakhokhiwe ikhula ngezinga elisemthethweni lenzalo izikhathi ngezikhathi, kuncike ezihlinzekweni zezigaba 9 no 55 zoMthetho Wamarates oMhlaba woMasipala.

#### **Ukuhlola amamalungelo omhlaba**

**19.** UMasipala unelungelo lokuhlola amalungelo asemthethweni mayelana nomhlaba othintekayo mayelana –

- (a) nengqalasizinda yemisebenzi yomphakathi; kanye
- (b) namalungelo okwelulwa kwezinhlelo zetayitela lomhlaba.

## **ISAHLUKO 6**

### **OKUNGXUBEVANGE**

#### **Ukudluliselwa kwamandla**

**20.(1)** Kuncike kuMthethosisekelo nasemithethweni kazwelonke neyesifundazwe esebenzayo, noma imaphi –

(a) amandla, ngaphandle kwamandla okukhulunywe ngawo esigabeni 160(2) soMthethosisekelo;

(b) amajoka; noma

(c) imisebenzi,

ngokwalo Mthetho kaMasipala, enikezwe uMkhandlu noma olunye uhlaka lukaMasipala lwezepolitiki, abasezikhundleni ngokwezepolitiki, amakhansela nabasebenzi angadluliselwa noma angadluliswa yilolo hlaka lwezepolitiki, abasezikhundleni ngokwezepolitiki, amakhansela noma abasebenzi adluliselwe emhlanganweni, noma kumsebenzi oqashwe uMasipala.

(2) Ukudluliselwa kwamandla ngokwesigatshana (1) kumele kwenziwe ngokuhambisana nohlelo lokudluliselwa kwamandla olwemukelwa uMkhandlu ngokuhambisana nesigaba 59(1) soMthetho weziNhlelo zoMasipala, kuncike kwinqubo esetshenziswayo ebekwe esigabeni 50(2) soMthetho okukhulunywe ngawo.

(3) Noma ikuphi ukudluliselwa kwamandla okuhlongozwe kulesi sigaba kumele kuqoshwe kwiRejista yokuDluliselwa kwaMandla, okumele ibe nolwazi mayelana –

(a) nenhlangotho noma nomuntu odlulisa amandla;

(b) okudluliselwa kuyena amandla; kanye

(c) nemibandela ehambisana nokudluliselwa kwamandla.

### **Imithetho echithwayo negcinwayo**

**21.**(1) Imithetho ebalulwe ohlwini lokuqala nolwesibili lweSheduli ekulo Mthetho kaMasipala ngalokhu iyachithwa.

(2) Wonke amalungelo nezibopho ebekukhona ngaphansi kwanoma imuphi uMthetho kaMasipala ochithiwe ngokwesigatshana (1) ayoqhubeka nokusebenza sengathi leyo Mithetho kaMasipala ayizange ichithwe.

### **Isihloko esifingqiwe nokuqala kokusebenza komthetho**

**22.** Lo Mthetho kaMasipala ubizwa ngoMthetho kaMasipala Wamarates oMhlaba, 2015 kanti uqala ukusebenza ngosuku oyoshicilelwa ngalo *kwiGazethi yesiFundazwe*, yaKwaZulu-Natali.

**UHLELO**  
**IMITHETHO ECHITHWAYO**

<b><i>Inombolo nonyaka woMthetho kaMasipala</i></b>	<b><i>Isihloko</i></b>	<b><i>Ubungako obuchithwayo</i></b>
ISaziso sikaMasipala 31 sika 2008, esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe No. 111 mhla ka 12 June 2008	UMthetho kaMasipala waseThekwini wokuKhokhwa kweNtela: Amarates oMhlaba	Wonke






# IMPORTANT Information from Government Printing Works

Dear Valued Customers,

Government Printing Works has implemented rules for completing and submitting the electronic Adobe Forms when you, the customer, submits your notice request.

Please take note of these guidelines when completing your form.

## GPW Business Rules

- 
1. No hand written notices will be accepted for processing, this includes Adobe forms which have been completed by hand.
  2. Notices can only be submitted in Adobe electronic form format to the email submission address [submit.egazette@gpw.gov.za](mailto:submit.egazette@gpw.gov.za). This means that any notice submissions not on an Adobe electronic form that are submitted to this mailbox will be **rejected**. National or Provincial gazette notices, where the Z95 or Z95Prov must be an Adobe form but the notice content (body) will be an attachment.
  3. Notices brought into GPW by "walk-in" customers on electronic media can only be submitted in Adobe electronic form format. This means that any notice submissions not on an Adobe electronic form that are submitted by the customer on electronic media will be **rejected**. National or Provincial gazette notices, where the Z95 or Z95Prov must be an Adobe form but the notice content (body) will be an attachment.
  4. All customers who walk in to GPW that wish to submit a notice that is not on an electronic Adobe form will be routed to the Contact Centre where the customer will be taken through the completion of the form by a GPW representative. Where a customer walks into GPW with a stack of hard copy notices delivered by a messenger on behalf of a newspaper the messenger must be referred back to the sender as the submission does not adhere to the submission rules.
  5. All notice submissions that do not comply with point 2 will be charged full price for the notice submission.
  6. The current cut-off of all Gazette's remains unchanged for all channels. (Refer to the GPW website for submission deadlines – [www.gpwonline.co.za](http://www.gpwonline.co.za))
  7. Incorrectly completed forms and notices submitted in the wrong format will be rejected to the customer to be corrected and resubmitted. Assistance will be available through the Contact Centre should help be required when completing the forms. (012-748 6200 or email [info.egazette@gpw.gov.za](mailto:info.egazette@gpw.gov.za))
  8. All re-submissions by customers will be subject to the above cut-off times.
  9. All submissions and re-submissions that miss the cut-off will be rejected to the customer to be submitted with a new publication date.
  10. Information on forms will be taken as the primary source of the notice to be published. Any instructions that are on the email body or covering letter that contradicts the notice form content will be ignored.

You are therefore advised that effective from **Monday, 18 May 2015** should you not comply with our new rules of engagement, all notice requests will be rejected by our new system.

Furthermore, the fax number **012- 748 6030** will also be **discontinued** from this date and customers will only be able to submit notice requests through the email address [submit.egazette@gpw.gov.za](mailto:submit.egazette@gpw.gov.za).

